/TVALIWE TZE TRHULUNYWE/

INKATHA YENKULULEKO YESIZWE
KGARE YA TOKOLOHO YA SETJHABA

UMHLANGANO WOMGWAMANDA

IZIBINGELELO ZOMENGAMELI

ONDINI 29 JULAYI 1989

USihlalo woMhlahlandlela, Comrade Nobhala-Jikelele, Comrade iSekela likaNobhala-Jikelele, nani nonke bafowethu nodadewethu eMgwamandeni. Ngiyathokoza kini ngokubuthana kwenu lapha namhlanje. Izikhathi zibucayi kakhulu ngakho kunesidingo esikhulu sokuba sihlanganise amakhanda ngokuphuthuma okukhulu.

Sisesikhathini lapho izindaba ezininingi zombusazwe ezimqoka zisesimeni esithile sokulenga emoyeni. Amaphephandaba aseqala ukukhuluma ngethuba "lephalamende elingenalo igqembu eliyiningi" (hung parliament) mina lomqondo ngiwusebenzisa kwezombusazwe okhona njengamanje. Esimeni sephalamende elinganalo iqembu eliyiningi kusho ukuthi kalikho iqembu elinezihlalo ezininingi ngakho lelo naleloqembu kufanele licabange ngokuhlanganisa izinhla nelinye noma amanye ukuze adale uhlobo olulodwa noma olunye lukahulumeni obuswa ngamagembu ehlukeneyo kepha abusa ngokuhlangabezana (coalition government).

ENingizimu ne-Afrika nxa siyibuka iyonke namhlanje kabekho abanqobi futhi kabekho abanqotshiweyo. Umbusazwe ufana nento elenga emoyeni .nje ngoba ngenkathi leloqoqo lombusazwe lenza lokho elikwenzayo, izinyathelo zempela eziya phambili zingenziwa kuphela ngokusebenzisa umbusazwe wokubambisana

kwamaqembu.../2

kwamagembu (political realigments).

Nginethemba elikhulu lokuthi Â°˜ iQembu lamaNashinali kalisena-kho manje ukudideka kokucabanga ukuthi liyinsika yedwalakazi

lamandla elikwazi ukwenza elikuthandayo ngesikhathi elisitha-ndayo. Sekukhona manje ukukwemukela ukuthi kuyadingeka ukuhlanganyela kwezombusazwe kohlobo olulodwa noma olunye. Kepha lokhukuhlanganyela kakukaqali ngakho ngiye ngiphelelwe ithemb: -ngesinye isikhathi nxa ngibona izimpawu zokuthi iQembu lamaNeshinali kalazi ukuthi lingakwenza kanjani ukuhlanganyela.

Kukhona umbusazwe ongacacile ngasohlangothini olungakwesokudla kwezombusazwe. I-AWB, i˜CP ne˜HNP yilelo nalelo kulamaqembu lizenzela into yalo kephaz kawasoze akwazi ukudala uHulumeni. Manje sebesebenza ukuthiyana - sebeze bafinyelela ngisho

nasezingenli lokukhuthaza abasekela i-CP ukuba bavotele i-Democratic Party lapho kubanga khona i-Democratic Party ne-National Party kuphela. Ngasohlangothini olungasesinxeleni seQembu lamaNeshinali i-DP seyiphumile esimeni lapho ibingenalo ithuba lokunqoba kanti nala isinyathelo esiya ngasesinxeleni seQembu lamaNeshinali siyisinyathelo esiya ebuchosheni obuhluzekileyo, cisho kusesekuseni kakhulu empilweni ye-DP ukulindela ukuba inqobe ukhetho.

Kepha iQembu lamaNeshinali lona lizolahlekelwa yizihlalo ngasesinxeleni nangakwesokudla ngakho nakho lokhu kuzoletha olwakho uhlobo lokungabaza eQenjini lamaNeshinali maqondana

nokuthatha isinyathelo esiya phambili. IQembu lamaNeshinali lilwa umkhankaso wokhetho phezu komlando wezibikezelo naphezu kovalo iQembu lamaNeshinali elilufakwa yilezizibikezelo, ngakho lokhu kulenza libambe amatomu ezinyathelweni eziya phambili.

Nasembusazweni...../3

NaseMbusazweni wabaMnyama kukhona lona loluhlobo olufanayo lokulenga kombusazwe olukhona yonke indawo. Kabekho abanqobi futhi kabekho abanqotshiweyo ngakho manje sekukhona ukwemukela ukuthi wonke amaqoqo abaMnyama ombusazwe kuzodinga ukuba afunde ukuphila ndawonye. Izingxoxo esinazo njengamanje ne-UDF ne-COSATU zingubufakazi balokhu.

Kusobala ukuthi thina esiseNkatheni yithi esizuza okukhulu ngalesisimo sokulenga kombusazwe kepha lokho kuzuza kuyophenduka kusilimaze nxa isimo esilengayo kwezombusazwe sighubeka isikhathi eside kakhulu. Thina esiseNkatheni selokhu kwathi nhlo sigci˜-zelela isidingo sokuba amaqoqo abaMnyama ombusazwe emukele ukuphila namanye. Kakukaze kubeyinhloso yeNkatha ukushabalalisa i-ANC. Sesakusho ukuthi yilelo naleloqoqo kufanele lenze okungcono kunakho konke elikwazi ukukwenza esimeni salo futhi selokhu kwathi nhlo thina sizimisele ukungena ebunveni babantu

- abaMnyama lapho izindlela zamaqhinga amaningi zikwemukela khona ukwehlukana kwemiqondo nezindlela njengento esinothisayo.

Siyazi ukuthi kusosonke isikhathi iNkatha ikhona, amalunga ethu asehlangabezane nokuhlaselwa okunzima kwezombusazwe kanye nokuhlaselwa kwempilo yawo. Kawukho umzamo ongakenziwa woku-bhidliza nckubhubhisa iNkatha ukuze ishabalale ebusweni bomhlaba. Yilowo nalowomzamo wehlulekile iNkatha kayagcina nje ngokukhulm ngezibalo zamalunga kepha iphikelelile ngamasu nangendlela ehlelekileyo iqhubekela enhliziyweni yesisindo sombusazwe weNingizimu ne-Afrika

INkatha seyifikile njengomhlathi wombusazwe futhi siyobe sikhona nasekugcineni. Ngithi lesisikhathi sesimo sokulenga kombusazwe kungenzeka sibe yinzuzo enkulu eNkatheni kunakwezinye izinhlanga-

no ngoba sisinikeza isikhathi esimqoka kakhulu ukuba silungise

indawo esimi kuyo. Kakungabazeki nakancane ukuthi nala amandla

ethu....:/4

ethu ekhulile ngenkathi sihlaselwa, kakusho ukuthi sisale singenamyocu. INkatha inezinkebenkebe zamanxeba esifanele

ukuwanakekela.

Kakungabazeki ukuthi amanye amalunga ethu asesatshiswe kanga-ngoba kawasakwazi ukusisekela ngendlela enokusisiza ngempela. Amanye aseze anqamula nemingcele ayckhosela phakathi kwezitha. Amanye adikibaliswa yikuphazanyiswa kwemiphakathi ewazungezi-leyo nemfundiso yombusazwe eyilumbo elesabekayo ebenza bacaba-nge ukuthi yonke lendluzula ekhona iyindluzula yombusazwe. Kabakwazi ukubona ukuthi ngamandla eNkatha empela lapho izinto zenzeka khona agcine iNkatha iqondene nesimo naphumelele ukubhekana nayo yonke imizamo yokusibhubhisa. Lababantu abakulemiphakathi ephazamisekileyo nekhwelwe yizinxushunxushu kabasenzi lutho oluyimisebenzi ebambandakanye neNkatha.

Kangikezwa lutho ku Mnu. Oliver Tambo ngakho kasazi ukuthi impendulo yakhe ithini encwadini-sethulo eyathunyelwa kimi nakwabanye aBengameli abathathu yiKomindi lethu lezithunywa elihlanganyelweyo. Umuntu uthatha ngokuthi aBengameli be-COSATU ne˜UDF bazowusekela umhlangano wabengameli abane ngoba izithu-nywa zabo yizo ezihlanganyele .embhalweni-sethulo ophakamisa lomhlangano. Kepha kufanele ngaziswe ngokomthetho ukuthi

bemi kuphi ckuyinto ebebengakayenzi.

Ngenkathi amaxoxo ethu okuthula esekulesisimo esilengayo kunendluzula esabekayo esaqhubekayo. NgeSonto elidlule ngaya kwa-Thethi (Taylorâ\200\230’s Halt) mina uqobo lwami nganxusa ukuba kube nokuthula kepha kunamashumi ngamashumi amalunga eNkatha ahlaselwayo esendleleni egoduka evela kulowomhlangano.

Kwabulawa abantu abalishumi eMpumalanga ngeviki elidlule. Abantu bahlaselwa besendleleni beya emhlanganweni wokuthula

KwaMashu...../5S

KwaMashu ngakho amalunga eNkatha manje asefa ekuhlaselweni ngenkathi eya noma ebuya emihlanganweni yokuthula.

Kufanele kupheze lokhu manje.â\200\235 *Sengisigcizelele ngisiphindaphinda isidingo sokuba kuyekwe ukukhuluma okuholela ekubulaleni. Amalunga asezikhundleni eziphezulu ku-COSATU naku-UDF akhuluma emihlanganweni lapho evumela khona intsha ukuba icule amaculo anyanyekayo ngami, kunokwenzeka ukuba ayazikhipha wona ohlelweni lokuthula. Ngingakukhuluma kanjani ukuthula nomuntu ohlala esigcawini phambi kwabantu bakhe abaphethwe ngabavukeli bombuso asebefunge bagomela ukuthi bazowuqinisa umzabalazo wezikhali na?

Ziningi izinto ongazenza empilweni zihambisane nezinye izinto kepha kawukwazi ukukhuluma ukuthula ube uqhubeka nokubulala.
- I-ANC, ne-UDF kanye-COSATU bangakhuluma ngendlela abafuna ukukhuluma ngayo ekugqolozelaneni noHulumeni waseNingizimu

ne-Afrika. I-ANC ingalisebenzisa izibo lokuthi umzabalazo wezikhali kufanele uqhubeke ngoba ubandlululo lukhona futhi luphogelelwa ngendluzula. Kepha nxa bekhuluma nami kufanele bakhulume baqondise. Kuphakathi kokuba sisebenzela ubunye babantu abaMnyama noma kasibusebenzeli. Nxa sisebenzela ubunye babantu abaMnyama kusho ukuthi oMnyama kufanele ayeke ukubulala oMnyama.

Ngiyazi ukuthi abantu bayabulala egameni le-UDF nala bengenalo ngisho noluncane nje ulwazi lokuthi i-UDF igondene nani. Ukucubungula kuyakhomba ukuthi lokhu kuliqiniso. Ukusho kwabantu ukuthi bangamalunga e-UDF noma i-COSATU, noma ubulunga ngegama nje be-UDF ne-COSATU, sekuphenduke igunya lokubulala kwezinye izindawo zethu ezikhungethwe yizimxushunxushu. Lokhu ngikusho ngoba ngizwelana ne-UDF ne-COSATU engakwazi ukunganda abantu lapho izinto zenzeka khona. Okokuqala nje i-UDF ne-COSATU kazizona izinhlangano ezisekeleke emalungeni.

Kufanele...../6

P A

Kufanele babhekane nezinto emakomindini akhethwe ngamanye amakomindi.

Ngiyakuqonda futhi ukuthi nxa ukubulala sekusemoyeni kunendlela yakho esabekayo yokuphikelela futhi ngiyakugqonda ukuthi ukubulala kobugebengu nobugebengu bokulimaza abantu nokuphanga kuyizinto ezikhokhoba ngemuva kwendluzula yombusazwe. Kepha ngiyakusho, futhi ngikusho ngokucacileyo ukuthi nxa i-UDF ne-COSATU bengakwazi ukunganda abalandeli babo, kufanele okungenani bakuchithe lokhu abalandeli babo abakwenzayo. Kufanele bawachithe amaculo aholela ekubulalaleni. Ngisho noma bengakwazi

ukuyekisa abantu abasuke besemihlanganweni yabo abangamalunga abo ukwenza lezizinto, kusho ukuthi sekufanele bayeke manje ukuhlala lapho banyamezelele lokho okusuke kwenzeka. Kakufanele

banyamezelele indlela izinhlelo zokusakaza izindaba ezethula ngayo imibiko ehlanekezelweyo nebhidlizayo. Kufanele lezizinto

bazichithe obala kwadal

Ngakho bafowethu nodadewethu,ngithi kini sisesimeni esilengayo kuzozenke izinhla futhi ngikhuluma nani ngokuqiniseka okukhulu nxa ngithi kufanele sisisebenzise lesisikhathi esimqoka ukuhlanganisa lokho esikwenzayo ukuze kugonde kahle.

Ngikusho ngokuginiseka okukhulu ukuthi kufanele sikukhulise ukuzilungiselela kwethu njengenhlangano. Kufanele sisebenzise lesisikhathi ukuqinisa ubuholi bethu. Iningi lethu kufanele ukuba sazibonela ngokushaqeka okupheleleyo izehlo zombusazwe zeminyaka yawo 1960. Ngenkathi i-ANC ne-PAC zivalwa, zabhidlizw # eNingizimu ne-Afrika. Siyazi, sasikhona. Sasingamaluaga. Siyakwazi okwenzeka enhlanganweni yethu ngaleyonkathi. Kwathi nxa abazholi abaphezulu beboshwa noma belifulathela lelizwe, bashiya isikhala esikhulu ngemuva kwabo ngenxa yokuthi i-ANC yayinamandle emazingeni aphezuluâ\200\234kuphela.

Yayingenabo...../7

Yayingenabo abaholi ezingeni lasekhaya nasezingeni lesifunda.

Lamazwi kakuwona amazwi ayimfundiso yokulwa ne-ANC. Ayisililo somuntu oMnyama waseNingizimu ne-Afrika oxwayisayo ukuba lingaphindwa iphutha eselake lenzeka. Ngenkathi ngithumela izithunywa phakathi kwami no Steve Biko naphakathi kwami no-0Oliver Tambo ngasekupheleni kweminyaka yawo=-1970, uMnu. Tambo wangithumela isexwayiso. Wabala izinto ezimbili athi akufanele ngizenze. Eyokugala wathi akufanele ngizihlanganise kakhulu no-Steve Biko. Wathi kufanele ngimbambele kude nami ngoba uzongihudulela phansi.

Into yesibili eyashiwo nguMnu. Tambo yikuthi kakufanele ngivumele iNkatha igine kakhulu emazingeni aphezulu obuholi bayo. Umyalezo owawuvela ku-Oliver Tambo uqobo lwakhe wawuthi i-ANC yalimala ngendlela eyayingasoze yalungiseka ngoba

yayingenabo abaholi bezinga eliphakathi nendawo ngenkathi ingena ekusebenzeni ngomshoshaphansi. Abaholi abaphuma kulelizwe kabashiyanga muntu ngemuva.

Ngikhuluma ngalemiyalezo ngoba ngifuna ukuba nikuqonde ukuthi ngikhuluma ngokuqiniseka okukhulu. Nxa kukhona noma ngubani phakathi kwenu ocabanga ukuthi ngivamise ukwesabisa ngomebuzo nje nokuthi ningazithoba nje ngenkathi ngikhuluma nenze sengathi niyangizwa ibese nikukhohlwa lokhu engikushoyo kamuva, ningavele nixolise niphume kuloMgwamanda khona manje.

Ngikhulumile ngombhalo wethu "Oyuholo Ngalokho Okunokwenziwa Kwezombusazwe’ (Short Guide to Practical Politics) futhi ngiyazi ukuthi ngisazokhuluma ngawo futhi kwabanye benu. Ngingumengameli weNkatha ngakho kungumsebenzi wami ukuqiniseka ngempilo yenhlangano. Ngeke ngime nje ngibukele ngenkathi inhlangano iphehlwa ingenwa ukubcla. Ngifuna ukuba !ucace

kahle...../8

kahle khona manie kulelo nalelo lunga loMgwamanda ukuthi sihlele izifundo zamalunga oMgwamanda. Sidinga ukuba sizilungiselele ikusasa. Sidinga ukukhulisa amandla eNkatha njengenhlangano. Noma yimaphi amalunga angayi manje kulezi-zifundo esizihlelayo, akadingi ukuzihlupha ngokuza emihlanga-nweni yethu yoMgwamanda ngomuso. Kungcono nivele nixolise nje niphume eMgwamandeni nxa lokho kuyinkinga enkulu.

Umsebenzi woMgwamanda weNkatha kakuwona umsebenzi esiwenza nje njengomsebenzi wokuzijabulisa. Kakuwona umsebenzi esidinga ukuwenza nxa sinesikhathi esingenawo umsebenzi waso. Umsebenzi

woMgwamanda kakuwona umsebenzi wombusazwe wokuzilibazisa nje.

Siqinisekile ngalokhu esikwenza eMgwamandeni ngakho yilelo nalelo lunga loMgwamanda kuphakathi kokuba libenomoya wokwenza umzabalazo indlela yempilo, noma kusho ukuthi kalikho nathi lapha eMgwamandeni.

Umzabalzzo kawuyona indlela yempilo njengoba lokhu sengikusho ngikuphindaphinda kulezizinyanga ezidlule. Ngeke ngime nje ngibukele ngenkathi amanye amalunga oMbutho efunda kakhulu ukuthi azophepha kanjani emzabalazweni kunokuba afunde ukuthi azowunqoba kanjani. Kasikho eMgwamandeni ngoba lokhc kuyindlela yokuzihlumisa noma kuyindlela yokuzizuzela uhlobo oluthile lodumo. SiseMgwamandeni ngoba sesicikekile yubandlululo futhi sesicikekile yikwehluleka kombusazwe wabantu abaMnyama ukugeda ubandlululo. SiseMgwamandeni ngoba sifuna ukujoyina izinhla zabakhululi bezwe nangenxa yokuba sifakwa intshisekelo ngumliba omude wamaghawe aMnyama afela nahluphekela umgomo.

SikuloMgwamanda futhi ngoba silungiselela ikusasa. Ngithathe ngithuthumele nxa ngicabanga ukuthi iNkatha iyobanjani ngemuva kokunqotshwa kobandlululo nxa ngibona izinga amanye amalunga

oMgwamanda ayithatha ngayo kalula. Nxa kukhona ukuthula lapho

nikhona...../9

nikhona ngemuva kokunqoba nalapho kukhona ukunethezeka, niyophumelela kanjani ukulwa nesilingo sokusebenzisa izikhundla zenu zombusazwe ukuze nibeyizicebi nxa ningakwazi ukulwa nalesisilingo manje ngenkathi engemaningi amathuba obucebi na?

Yiso kanye manje isikhathi lanhco kungafanele ukuba sigcine ngokuthuthukisa amakhono ethu obuhcli nje kuphela kepha kufanele sibheke nemfundiso yethu yokulalela njengenhlangano. Inhlangano yethu ngeke ibenawo amandla nxa uMbutho wethu ukhinyabezwe ngamalunga kanye nabzholi beNkatha imbala abangenakwethenjwa ukuthi bazokwenza lokho esinguma ukuba kwenziwe. Ukulalela kuyinxenye emqoka kakhulu yamandla. Ngeke babakhona ubunye beNkatha; ngeke kwabakhonaz ukuzimisela

kweNkatha futhi ngeke kwabakhona ukusebenza ngenhloso yokufeza okuthile eNkatheni ngaphandle kokuba kubekhona ukulalela.

Kangikhulumi lapha ngemfundiso yokulalela ngomgondo osho

ukujezisa. Kangikhulumi ngokukhulisa ukulalela ngokusungula izinhlelo nemikhandlu yokujezisa nangokujezisa abantu abangayihloniphi indawc okumi kuyo iNkatha. Ngikhuluma ngokukhulisa ubuqotho nemfundisc yokulalela okuzokwenza abaholi beNkatha babenamandla amakhulu, babenekhona elikhulu lokubonisa abantu, basebenze kakhulu ngentando yabantu futhi bahlonishwe kakhulu nangamalunga eNkatha. Ukulalela akuyona into ongayiphoqelela kubantu. Ukulalela phakathi kwamalunga kuyinto abaholi abayizuza ngokusebenza kwabo.

Manje njengoba sesikhuluma ngokuthula ne-COSATU ne-UDF

kakufanele sibebuthakathaka siphindisele nxa lezizinhlangano zihluleka yikufinyelela kulokho esikulindeleyo. Kufanele siyiphinde kabili imizamo yethu kuleyo naleyondawo ekhungethwe izinxushunxushu ukuze sikhulise amakhono ethu obuholi kuzo.

Abaholi.v.../10

Abaholi beNkatha sekufanele bazuze ukuhlonipheka okukhulu kubantu ngendlela ababahola ngayo. Lona ngomunye wemiphumela engamazwibela engase ighamuke ekuthatheni kwethu ibhukwana lethu eliyuholo ngalokho okunokwenziwa kwezombusazwa ngokuqi-niseka okukhulu.

Bo-Comrade, ngicela ukubheka ngakolunye uhlangothi ngikhulume ngesidingo sokuzilungiselela. Kufanele ukuba sonke siyakuqonda manje ukuthi indawo okumi kuyo iNkatha kanye namasu namaqhinga ayo asegxekwe kakhulu kangaka isikhathi eside kangaka ngabantu abaningi kangaka embusazweni wabaMnyama, aseyafakazeleka ngempela manje. Besiseqinisweni. Besiscbenzela umbusazwe walokhukubonisana osekuza manje. Thina esiseNkatheni kakudingeki ukuba siguqule amabombo sibheke kwenye indawo. Kakudingeki ukuba siguqule amasu namaghinza. Kakudingeki

ukuba sehle kulelihashi esiligibeleyo sigibele elinye phakathi nomfula. Siphambili ngezindlela eziningi kunabo bonke abancintisana nathi embusazweni wabaMnyama.

Kuningi okuzolindeleka kithi ngakho ngoba siphambili. Nxa u-Dokotela Nelson Mandela esekhululwa ejele - njengoba kufanele akhululwe nakanjani - isimo sokubonisana siyocaca. Kasazi njengamanje ukuthi luhlobo luni lokubonisana i-ANC eyokwazi ukukuhlanganisa. Xasilazi izinga amaqoqo afana ne-

UDF ne-COSATU ayokwazi ngalo ukuhlangabezana nezidingo zokubonisana nayophumelela ngalo ukufeza izinqumo okuboniswenÃ© ngazo.

Siyazi ukuthi thina njengeNkathz siyongena ekubonisaneni nokuthi ngeke kugcine nje ngokubonisana ngesakhiwo seNingizimu ne-Afrika kuphela, kuyobakhona nokubonisana ngezinto ezinyi-nggikithi ezingeni lasekhaya nasezingeni lesifunda. Kulokhu-kubcnisana, nasekubonisaneni kwezinga likazwelonke ngekusasa

leNingizimu...../11

leNingizimu ne-Afrika, kufanele sikwazi ukwenelisa izidingo zckubonisana. Kufanele siye esigcawini sokubonisana sinamagunya acacileyo. Kufanele sikwazi ukumela lokho okuyizilokotho zabantu.

Thina njengenhlangano kufanele sikwazi ukubonisana nokuba sibuyele kubantu siyobatshena ukuthi yini esiphumelele ukubenzela yona sifumane nokusekelwa yibo kulokho esikwenzileyo. Kufanele sikwazi ukugqugquzela imibutho yabalandeli bethu sikwazi nokufeza lokho okungamakhambi okubonisweni ngawo.

Ukubaphambili kuyinto eyodwa. Ukuhlala uphambili kungenye into ngokupheleleyo. Kakufanele sizikhohlise nanini sithi

siphambili ngenxa yokuba sinamandla. Siphambili ngenxa yokuba senze into efaneleyo; sibanxuse ngokuyikho abantu, kepha into enesiqiniseko njengokuba uNkulunkulu adala amaZulu neneziqini-

seko njengoba ilanga lizophuma kusasa, ngeke kubeyithi sodwa esenza okuyikho ngomuso. Sizobhekana nokuncintisana okunzima kwabanye abazongena bezoncintisana nathi kulokhu thina esikwenzayo.

Isigcawu sokubonisana ngeke . sibeyisigcawu esizongena kuso siyoqeda abaMnyama abaphikisana nathi. Okungumgomo wethu thina, sifuna ubunye babantu abaMnyama. Kufanele kubekhona ubunye bomgomo futhi kufanele kubekhona ubunye maqondana namasu namaghinga aphakathi nendawo. Ngeke sibonisane ngezinto ezahlukeneyo zamaqoqo ehlukeneyo. Ubunye babantu abaMnyama buyinto emqoka ngenkathi abantu abaMnyama bebonisana ngenhloso yokuba kusizakale yonke iNingizimu ne-Afrika eMnyama. Thina siyobalulwa ngamandla ethu njengenhlangano kuphela nxa sekuza ekughudelaneni embusazweni wangomusc. Nxa kukhona ukhetho ngomuso lapho siyovota khona, kuyoba yukhetho lwamagembu amaningi lapho wonke amaqgembu eyobe encintisana khona agokuse-kelwa ngabavoti abafanayo. Izinto ezenzeka embusazweni

wePhalamende...../12

wePhalamende lentando yabantu zinalokho okuthile okwengeziweyo kuzo umbusazwe wabantu abaMnyama ongenakho njengamanje. Umbusazwe wabaMnyama njengamanje ugxila kakhulu emathubeni azuzwa yinhlangano nokuzuza amalunga. Yiqiniso nje lelo lodaba. Umbusazwe wabaMnyama kakuwona umbusazwe wokuhlanga-bezana nombusazwe wokunyathela ngckucophelela ochambisana nokuzuza amavoti kubantu abangewona - amalunga ngenhloso yokufumana isihlalo ePhalamende.

Ngiqhubekela kolunye futhi uhlangothi lwesidingo sokuzilu-ngiselela njengenhlangano. Njengamanje-nje ngisebenza

ngokuzikhandla ngakho konke okusemandleni ami njengesidalwa esingumuntu. Kunezinsuku eziningi lapho kudingeka khona ukuba ngizinwebe kuye kwedlule kulokho okungalindelwa ngabanethemba elikhulu phakathi kwenu. Kufanele ngifumane

amandla, eqinisweni kufanele ngifumane ukuzimisela, ukughubeka

ngisho nalapho lonke uqobo lwami selukhalela ikhefana elithile ngesinye isikhathi. Kangikwazi ukwenza okungaphezulu kwalokhu engikwenzayo.

Mina nje ngokwami kangikwazi ukubamba lowo nalowo phakathi kwenu ngesandla nginihole nginidlulise oHolweni Ngalokho Okunokwenziwa Kwezombusazwe. Kangikwazi ukuthatha lowo nalowo kini nginibambe ngesandla nginikhombise ukuthi kufanele niziphile kanjani izinsuku zenu ngekhono elingcono. Yilolo nalolosuku luyusuku lwezinto eziyisigidi ezingidonsa ngapha nangapha. Kangikwazi ukughuba iNkatha ngingedwa. UNobhala Jikelele wenu amandla akhe naye usewanwebe ngokweqisa. Ngithembele kuye naye wethembele kini nani nethembele kwabanye. Musani ukulinqamula leliketango lokuthembela komunye komunye futhi khumbulani ukuthi leliketango omunye komunye liqine ngokulingana ngokuqina kwesongo lalo elibuthakathaka kunawowonke.

Ningezwa...../13

e b

Ningezwa ngami ukuthi ngabe sesihambe kakhulu endleleni yethu ukuba bengikhululekile kunalokhu ezingginambeni nasezinkingeni zenhlanganc. Ngiyakwazi engikwazi ukukwenza kahle futhi ngiyazi ukuthi kufanele ngikwenze nini nokuthi ngikwenze kanjani. Ngiyaphumelela khona ukubonana naBengameli, cNdunankulu, oNgqongqoshe Bezindaba Zangaphandle nabanye oNgqongqeshe beKhabhinethi kuwo wonke amagumbi omhlaba oseNtshonalanga esizolindela okuningi kubo emzabalazweni

wethu wenkululeka nangemuva kwawo.

Eqinisweni ngiyakwazi ukukhuluma nawongqo-shishilizi abamhlophe bobandlululo ngiphume emhlanganweni ngishayelwa ihlombe elikhulu. Ngiyakwazi ukwelula isandla sami seqe amagebe ezinhlanga nezalukazi ziyeza kimi ngesinye isikhathi ngemuva komhlangano amehlo egcwele izinyembezi noma amazwi eqghaghazela zizongibonga ngomyalezo wami. Ngiyakwazi ukuba yinsimbi

phakathi kwezinsimbi ngakho kangighaqghazeli nxa aBengameli bengisongela bengikhomba ngomunwe emehlweni. Ngiyalisebenzisa ifa lamasiko ami nawowonke umlando ukuze kusizakale bonke

abantu abaMnyama yonke indawo nokuba kusizakale yonke iNingizimu ne-Afrika. Ngineqhaza lami elimqoka engifanele ukulibamba. Kuphakathi kokuba niveze umsebenzi onzima wokukhulisa amandla ethu njengenhlangano noma nehlise izinga lokubaluleka kwalokho engikwenzayo.

Kangazi ukuthi ngingalubekangayiphi enye indlela loluhlangothi lwesidingo samandla ethu njengenhlangano. Noma ngubani eNkatheni

obekhona ezinhleni eziphambili uzokwazi ukuthi ngikhuluma ngani. u-Comrade wethu uNobhala-Jikelele uyazi ukuthi nxa esuke esebenza ukubonisana eNdabeni yaKwaZulu neNatali,

noma nxa esuke ebonisana ne-UDF noma ne-COSATU, :amandla

akhe okubonisana uwafumana emandleni eNkatha njengenhlangano ekugcineni.

Nxa-oo/14

Nxa ngisuke ngithuma uNobhala-Jikelele wenu noma uSihlalo wenu woMhlahlandlela e-Afrika noma e-Yurophu ngibathuma imisebenzi enzima, amandla abanawo ngamandla eNkatha njenge=nhlangano. Thina kasiphili _ngesithunzi esisakhelwa yizinhle=lo zokusakaza izindaba. Siphila ngalokho esikwenzayo. Siyokuma noma siwe ngomlando wempela walokho esikwenzayo. Kangikwazi ukuba ngiqcphe umlando ngibuye ngibuyele emuva kepha ngingaphumelela ukumasha phambi kwenunxa nina nimasha ngemuva kwami. Abanye benu kuloMgwamanda kabamashi ngemuva kwami. Nilenga ngemuva kwami. Kalikho ilunga laloMgwamanda elifanele ukuba yisithiyo ngomuso eMbuthweni noma emaghazeni obuholi engiwabambileyo mina kanye nawoComrade abaseduze kwami.

Eqinisweni sesizilibazise isikhathi eside kakhulu. Umbhalo Ovuholo Ngalokho Okunokwenziwa Kwezombusazwe nezifundo

esizihlelele amalunga oMgwamanda kufanele ukuba sekuyizinto

esezifana nomdlalo ekuzilungiseleleni koMgwamanda nasekuthu= thukiseni._ubuholi beNkatha. Kufanele ukuba ngabe sesedlulele kwezinye izinto ezinohlonzo kwezombusazwe ekuzilungeseleleni kwethu. Kufanele sipheze manje ukuhlala singabantu abagalisayo kulomsebenzi wokuhlangabezana nalokho esimiselwe khona kwezombusazwe.